## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuphendula imibuzo.

2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI

   ISIQEPHU A: Inoveli (35)

   ISIQEPHU B: Umdlalo (35)

3. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE .

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

4. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni le mibuzo.

5. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.

6. QALA ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA

7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo

   OKUQUKETHWE:
   Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu. | | |
|---|---|---|
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| 1. *Ithemba Lami* | 35 | 2-4 |
| 2. *Umshado* | 35 | 5-7 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| 3. *Ababulali Benyathi* | 35 | 8-10 |
| 4. *Icala kaliboli* | 35 | 11-14 |

## ISIQEPHU A: INOVELI

### UMBUZO 1: Ithemba Lami- LF Mathenjwa

Funda IZIQESHANA EZIMBILI (u-A no -B) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

'Musa ukungibhedela wena ekuseni. Bengizoya eMpangeni ngazi bani khona? Uma inyanga yakho ikutshele ukuthi ingiphephethe yangibhekisa eMpangeni ushaye phansi, nayo ibidlala ngawe.'
'Usho kahle phela ingani wesaba ukuthi hleze sengiye kulena yaleli sokana lakho elelashwa khona lena eMpangeni. Akusasizi ukufihla kwakho sezifikile nakithi. Amasoka enu asedliwa ubusoka bawo baseThekwini, niyohamba nisishiye nibuye **nisifice siyimiqemane** thina boZabalaza singenangculazi.'
'Ngikutshele-ke mina owami uSandanezwe usesibhedlela lapho ekhona, hhayi ezinyangeni njengoba usho. Anobuza sinitshele hhayi ukukhuluma into ongayazi.'
'Sengathi kodwa ongazi nguwe ngoba loyo muntu kade asuka lapho wamgcina khona, ngikhuluma nawe nje ule eMpangeni lapho elashwa ingculazi khona. Ngiyasola uyilinde lapho ingalele khona, futhi uma ubusamfihla khohlwa sesiyamazi.'
'Angifuni nakuwuzwa lo mbhedo owushoyo, engikutshela khona kunye ukuthi hlukana nami nginesoka lami engilithandayo futhi ngiyolilinda noma ngabe likuphike anginandaba.'
'Nami ngigabe ngokuthi ekugcineni uyongikhumbula. Ingabe usakuthanda yini loyo muntu othi uma eshintsha izindawo angakuthinti? Ubobheka ungasali ubambe udonga njengemfene.'
'We mfokazindini ake wehlukane nami; kade ngakutshela ukuthi sengikhathele yile mibhedo yakho. Ukuthi kwenzakalani, kunjani, akufuni wena lokho, okwami noSandanezwe wami.'

1.1 NgokukaZabalaza ukuphi uSandanezwe njengoba bexoxa ngaye nje kulesi siqeshana? (1)

1.2 Unabuhlobo buni noSandanezwe lo oxoxa noZabalaza esiqeshini esingenhla? (1)

1.3 USandanezwe wayesebenza kuliphi idolobha ngaphambi kokuthi axinwe ukugula? (1)

1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo: Isimo sokukhuluma esithi: **'nisifice siyimiqemane'** sisho ukuthi:

A. Nisifice sigula kakhulu.
B. Nisifica siphila kahle.
C. Nisifice sesashona kudala. (1)
D. Nisifice sesiguge kakhulu.



Akuvumelekile ukukopisha leli phepha Pheqa ikhasi

1.6 Tomula umusho ophelele oveza ukuthi uNokulindela wayengenalo ulwazi lokuthi uSandanezwe usenyangeni. (2)

1.7 Bhala isizathu esabangela ukuthi uNomgedla avume ukusiza uZabalaza kuleli su lakhe lokufakela ingoduso kaSandabezwe umuthi wentando. (2)

1.8 Chaza ukuthi ukuba khona komlingiswa uZondiwe kule noveli kwawusiza kanjani umndeni wakwaMkhumane. (2)

1.9 Uyavumelana yini nokuthi umlingiswa oqavile kule noveli kwabe kunguSandanezwe. Sekela impendulo yakho. (2)

1.9 Hlaziya le noveli ubhekise kulokhu okulandelayo:

a) Umbhali ukwazile yini ukufeza umgomo owamukelekile wokubhala isingeniso sale noveli. Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

b) Izigameko ezenzeke kule noveli zikwazile ukuveza isimo senhlalo esingesihle kumlingiswa oqavile. (2)

1.10 Ubukhona bukaZabalaza kule noveli bulukhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA B

UNonkamfela laphaya endlini yemithi umatasatasa uthaka imithi yakhe, ulokhu evungazela kungezwakali ukuthi uthini isigcino aze aphumisele ekhuluma yedwa okohlanya. 'Le ndaba kaMkhumane isithanda ukungixaka manje. Angisazi ukuthi ngizokwenzenjani ngoba ngithi ngivala ngapha ukufa kuputshuke ngapha. Impela angazi ukuthi kwenzenjani emakhosini awafuni ukukhanyisa indlela yami. Ngiyaqala ngqa ukushikiliswa yisifo ngalolu hlobo futhi sesiqala ukungilahlisa ithemba sengathi siyoye singichithe.' Wathi ukuthula kancane umfo kaMbeje. Kuwo lowo mnyama kwezwakala umpongo lwezwi liqhuma phezulu; 'Yehheni … Yelekelelani we bantu baphela abantu, ingabe kwenzenjani kodwa kulo mshayeli? Angikaze ngikubone lokhu, udakiwe yini?' Lwampongoloza unggqwazi lomdondoshiyakazi onguMaNgiba, akekho ongezwanga kuleliya qele laseMacekane. Izandla wayesezithwele ekhanda amehlo esengaphandle. Wayeyibone kahle yonke le nto yenzeka ngoba omdala ubehla ephikelele khona ngasemgamanxweni ngesikhathi le ngozi yenzeka. Ezansi lapho kuphihlizene khona leli bhasi nesitimela, akusebantu zimpethu zendlovu. Kukhala ubumayemaye, babodwa asebeyosika ilala, babodwa abagqihela ukufa nalabo-ke abasinde ngokulambisa okungathithi namanje abawakholwa amehlo abo. Iningi labo abakakwazi ukukhuluma ngendlela abethuke ngayo. Uma ufika kule ndawo ungafunga uthi akuphumanga ngisho noyedwa ngendlela ibhasi elinqamuke ngayo. Babodwa abanqamuke izisu, abanye uhlangana nengalo, umzimba ungawazi ukuthi ukuphi.

1.12 Ngokwalesi siqeshana isiphi isigameko esenzekile. (1)



Akuvumelekile ukukopisha leli phepha Pheqa ikhasi

1.13 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenziwa nguNonkamfela emveni kokuba ezwe ukuthi sekwenzeke ingozi yesitimela ` (2)

1.14 Uyavumelana yini nokuthi uMaNgiba ungumlingiswa omncane kule novele. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.15 Ngokucabanga kwakho ukwelapheka ngempumelelo kukaSandanezwe kwakuzoba usizo kanjani kuNonkamfela kanye nabanye abelaphi bendabuko. (2)

1.16 Kuyinto eyamukelekile yini ukuthi inyanga ibulale abantu ukuze isebenzise izicubu zabo ukwelapha abagulayo? Sekela impendulo yakho. (2)

1.17 Ukube wawuSandanezwe wawuyokhetha ukwelashwa odokotela noma izinyanga? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.18 Ncoma impumelelo yombhali ekusebenziseni umlingiswa uSandanenzwe njengomuntu ongalilahli ithemba kule noveli. (2)

1.19 Qondanisa I**KHOLOMU A neKHOLOMU B.**

| **IKHOLOMU A** | **IKHOLOMU B** |
|---|---|
| 1.19.1 UMzulazula | A. Wayesebenza emakhazeni. |
| 1.19.2 UNtshingila | B. Indodakazi kaMkhumane. |
| 1.19.3 USebenzile | C. Wagulelwa indodana yakhe. |
| 1.19.4 UNomkhizo | D. Umngani kaNokulindela. |

(4x1) (4)

**[35]**

**UMBUZO 3: UMSHADO – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-C no -D) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

Kwathuleka endlini. Isalukazi sabheka phezulu sengathi siyathandaza. **Amehlo agcwala izinyembezi** ngokushesha. Sabuka uBhekani emehlweni futhi.
'Angiyazi ukuthi ngizoyenzenjani le nto ngoba phela wena uyisifundiswa.'
'Usho ukuthini mama?'
'Impela. Ulaka lukayihlo lolu. Ngisho ungaya esangomeni uyobhula siyokutshela le nto engiyishoyo.'
Wathula uBheki, wabuka unina engagculiswa yile nkulumo yakhe. Walindela okungcono, akwababikho. Kwalandela okumxakayo futhi.
'Thatha impepho mfana uyishise uxolise kuyihlo.'
'Angiyazi le nto oyishoyo mina mama.'
'Ngizokufundisa,' esho ekhahla unina.
'Ngixolisa nje icala lami yini ngempela kubaba?'
'Usumtholile umfazi okwathiwa mfune azokugana? Angithi usuke wagijima nabafelokazi?' Walizwa icala lakhe uBheki. Wakhumbula ukuthi leli cala uzimisele ukulithwala noma kunzima kangakanani. Wathula wabuka unina.
'Ngizoyishisa kusasa impepho mama.'
'Uyazi noma uzobulala ubuthongo namuhla uyihlo?'
'Ngizolala. Bukhulu lobu buhlungu asengizwise bona.'
Isalukazi sasuka saphuma sayozilalela samshiya kanjalo uBheki ekhamisile. Kwafika kuye ukuthi cha, impepho uzoyishisela ukuthi uyise emukele uTholakele njengomakoti wakhe.
'Kufanele ukuthi naye ubaba uyabona ukuthi ngiyamthanda uTholakele. Ngizocela ukuba azame ubaba ukumthatha njengomakoti walapha ekhaya.' Ukhuluma yedwa uBheki ulungiselela ukulala. Ubuthongo bafika esecabanga ukuhlala kwakhe noTholi nakho konke abakwenzile.

2.1 Isiphi lesi salukazi ekukhulunywa ngaso esiqeshini esingenhla? (1)

2.2 Tomula umusho osesiqeshini okhombisa ukuthi uBhekani wabe efundile.(2)

2.3 Yisiphi iseluleko (advice) umama kaBhekani asinika indodana yakhe kulesi siqephu esingenhla? (2)

2.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: **'amehlo agcwala izinyembezi"**sisho …

A. ukudinwa.
B. ukukhala.
C. ukuhleka.

D. ukuduba. (1)

2.5 Ngubani umlingiswa oqavile/omkhulu kule noveli? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

2.6 Chaza ukuthi ukufika kukaBhatomu eNyawushane kulukhulisa kanjani udweshu kule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.7 Hlaziya le noveli ubhekise kulokhu okulandelayo:

2.7.1 Isisusa sodweshu. (2)

2.7.2 Ingwijikhwebu. (2)

2.8 Chaza ukuthi laba bantu abalandelayo bazana/bajwayelene kanjani?

UZenze noTholakele (2)

2.9 Phawula ngeqhaza/ umsebenzi womlandi kule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.10 Umlobi ukwazile ukuveza uLindiwe njengomlingiswa owayengaziphethe kahle. Fakazela lesi sitatimede uveze ububi bukaLindiwe ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

Athule uBheki. Athi ukudla amathambo ekhanda. Ufuna nokubuza eyamaphoyisa; akazi ukuthi uzoyiqala kanjani. 'Bathi uphethwe yini ngempela Tholi?' 'Bavele bangibhedela nje lapha esibhedlela Bhek'zana wami. Bathi ngadla izidakamizwa. Ngize ngabatshela nokuthi nganginawe ngalobo busuku. Angikaze ngizilokothe nje izidakamizwa.' 'Kodwa uke uzisebenzise zona lezo zidakamizwa?' 'Phela yikho ngithi bayangibhedela nje.' 'Pho amaphoyisa abezofunani lapha kuwe?' 'Umzala wami uyiphoyisa. Uma eze lapha ezongibona usuke ehamba nabangani bakhe.' Aphole uBheki. Ehlise umoya manje. Abone ukuthi sengathi uTholi mdala kunaye ngomqondo. Asale eseziduduza ngokuthi uma kukhona izimfihlo alele phezu kwazo uTholi ziyombuleka ngelinye ilanga. Akhumbule ukuthi kade ebona uBhatomu abuze. 'UBhatomu yilokhu ahamba lokho?' 'Habo! Uyazi kade elapha. Angazi ukuthi uzwe ngobani ukuthi ngiyagula. Uthi usezwile ukuthi sengifuna ukushada. Uthi yena uyowumisa nse lowo mshado.' 'Kodwa uthi angakwenza lokho?' 'Lutho; ngeke aze enze ngisho umzamo wodwa lo.' 'Kodwa-ke uma uphuma lapha siyashada?' 'Akukho okunye mntakwethu. Uma ngiqeda amalungiselelo nje akukho okunye. Umuntu okufuneka ngimbone uZenze kuphela. Kuhle ngazi ukuthi uhambe kanjani; ubaba uyamukele yini imali.' 'Uyena owahambisa imali eyayilethwe abakhongi?' 'Uyena Bheki.'

2.11 Ngokwalesi siqeshana odokotela bathi uTholakele uphethwe yini? (1)

2.12 Bhala izinto EZIMBILI ezingelona iqiniso uTholakele azitshela uBhekani ngalolu suku. (2)

2.13 Baboshelwani oZenze, uPamella kanye noTholakele ngosuku lomshado? (2)

2.14 Chaza imbangela yokuthi umama kaBhekani angamthandisisi uTholakele. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.15 Ngokucabanga kwakho yini okumele yenziwe uMnyango wezeMpilo ukufundisa umphakathi ngobungozi bokusebenzisa izidakamizwa ezingekho emthethweni? (2)

2.16 Fingqa ngamaphuzu AMABILI isigameko esenze ngelanga uBhekani eficana noBhatomu emjondolo kaTholakele. (2)

2.17 Ukuba wawunikwe ithuba lokweluleka(advice) uTholakele ikuphi owawungameluleka ngakho njengoba wayesethole isoka (boyfriend) elinjengo Bhekani kule ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.18 Ncoma ngokuphumelela komlobi (Author) ekusebenziseni umlingiswa uSfiso ukuze alekelele ekukhuliseni udweshu kule ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 3: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi

## ISIQESHANA E

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-E no -F) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

(**Esikhumulweni samaphoyisa, uDuma uyathuthumela ukhuluma nosayitsheni lo ayembikele ngokuhlaselwa kwakhe endleleni.)**

DUMA: Ngiyabonga sayitsheni. Ukube anifikanga ngabe indaba yami isingumlando. Ngibonga kakhulu sayitsheni.

SAYITSHENI: Ubonga ngakhona Duma kodwa nguwe oyimbangela yalokhu

DUMA: Usho ukuthini sayitsheni? Yimi yini ovimba intuthuko lapha kule ndawo?

SAYITSHENI: Uyakhumbula ngikubuza ukuthi uyathathisa na enkosini uma uzokwenza utho endaweni yayo? Wathini wena? Angithi wadaza inkani? Nenhlangano yakho yaphinde yakuyala ngokuhlonipha inkosi, wena wenza okuthandwa nguwe. Bafile-ke manje abantu. UMbandlwa siyezwa ukuthi ubengungqa phambili ekutheni wenze lokhu obukwenza. Naye uDlamini kuyavela ukuthi ubethukuthela aze enze izinto ezingalungile njengakho ukushaya uMbandlwa. Angimsoli-ke yena kakhulu ngoba ubehlukunyezwa ngukubona wena uthela inkosi yakhe ngothuli.

DUMA: (ukuzithoba kuyadlondlobala. Useze watshekisa ngisho nekhanda. Izandla zakhe ulokhu ezihlanganisa njengomuntu okhuluma nomuntu amhlonipha ngendlela exakile) Ngiyezwa sayitsheni. (athule kancane) Sekwenzekile-ke okubuhlungu sayitsheni. Ngiyaphinda ngithi vele sekonakele. Manje, ngizocela nigcine ukuthula endaweni, mina sengizowuyeka-ke lo msebenzi wobukhansela.

SAYITSHENI: (enyuse izwi ngenxa yentukuthelo) Uthini? Uyeke? Niqala izinto bese nigabisa ngokuyeka uma sekonakele? Lutho! Wena yelekelela ekucisheni lo mlilo wothathe osuwokhele.

DUMA: Kahle sayitsheni. Ngizowucisha kanjani lo mlilo? Bazongibulala phela abantu.

3.1 Bakuphi laba abakhulumayo kulesi siqeshana? (1)

3.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyenza ukuthi uDuma abaleke emzini wakhe ayocela usizo kusayitsheni? (1)

3.3 Ngokwalesi siqeshana kungani usayitsheni ethi akamsoli uDlamini ngesenzo sakhe sokushaya uMbandlwa? (2)

3.4 Le ndawo okukhulunywa ngayo kulo mdlalo inomlando wezimpi zombango. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA (2)

3.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo mushwana ongezansi sichaza ukuthi:

Ukuzithoba **kuyadlondlobala:**

A. Kuyancipha
B. Kuyakhula
C. Kuyaphela
D. Kuyagulisa (1)

3.6 Fingqa ngamaphuzu AMABILI imizamo eyenziwa nguhulumeni kanye nezinhlangano zepolitiki ekudambiseni udlame endaweni yenkosi? (2)

3.7 Kwaba namthelela muni ukuba khona kukaDabula noFohloza empilweni yenkosi uShandu? (2)

3.8 Ingaphandle lale ncwadi (ikhava) linesithombe sabantu abaxhawulanayo. Ngabe lesi sithombe sihambisana kanjani nesiphetho salo mdlalo? (2)

3.9 Umbhali usichazela kahle ngesimo senkundla nokuthi abadlali (abalingiswa) esibathola kulesi siqephu bakuyiphi indawo, benzani ngesikhathi bekhuluma.Tomula amazwi akubakaki esiqeshini ayimiyalelo yokwenzeka enkundleni (*stage directions*) achaza lokhu. (2)

3.10 Chaza isimo senhlalo kule ndawo yenkosi uShandu. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.11 Ukungaqondi kukaDuma nenkosi uShandu ukubaluleka kokusebenzisana phakathi kwabo njengabaholi endaweni kwaba namuphi umphumela? (2)

3.12 Yikuphi kule ngxoxo engenhla okukhombisa ukuthi usayitsheni ubona ukuthi nguDuma ongumphehli wodweshu kule ndawo? (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA F

**(Emagcekeni esikoleni kunamaphoyisa, osopolitiki ababili, yisikhulu sikahulumeni kanye nalabo abakade besesibhedlela. Abantu batheleka ngezinkani. Umfundisi nguye ongusihlalo.)**

MAZONGOLO: Njengoba senizizwele osopolitiki bekhuluma nani, naphinde nezwa noDuma exolisa ngokushayisa kwakhe, manje-ke ngizonifundela umbiko wenkosi. (alungise ipheshana aliphethe maqede aqale afunde) Ithi inkosi yesizwe sakithi, 'Ngibingelela isikhulu sikaHulumeni, osopolitiki bezinhlangano zabantu kanye nesizwe sonke. Sizwe sami engisithandayo, okwenzekile kufana nento esingeke sisakwazi ukuyiguqula. Asebefile ngeke sibavuse kodwa ngethemba ukuthi sifunde lukhulu kukho konke osekwenzekile. Ngabe angiyazi into engiyiphilelayo uma ngingababongi laba bantu besifazane ababili umkami uMaNgema, kanye noMaShezi, umkaDuma. Bobabili babambe iqhaza elibaluleke kakhulu ekucisheni lo mlilo. Ngempela baqinisile abathi, abantu besimame bayimbokodo. Kusukela manje ikhansela lizoqhubeka nohlelo lokuletha intuthuko esizweni sami. Nalo liqaphele ukuthi lisebenzisana nabantu abanjani. Mina-ke ngizolisiza ikhansela. Njengoba alikabi nayo indlu yokusebenzela, mina nginikela ngendlu elaphaya emzini wami. Leyo ndlu iseduze kwesango. Yiyo-ke ezoba yigunjana azohlelela kulo konke okuqondene nemisebenzi yakhe. Ngizovala ngokubonga amaphoyisa asebenze ngokuzikhandla ukubhula lo mlilo. Yimina inkosi yenu, uShandu.

3.13 Ngubani owayengusihlalo walo mhlangano okukhulunywa ngawo kulesi siqeshana esingenhla? (1)

3.14 Ngubani owabhala incwadi eyayifundwa ngusihlalo walo mhlangano? (1)

3.15 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLUMU B |
|---|---|
| 3.15.1 UMaMsomi | A. Wayefunda OHlange |
| 3.15.2 UMaShezi | B. Ummeli weNkosi |
| 3.15.3 USidamba | C. Isithakazelo sakwaDlamini |
| 3.15.4 UMzizi | D. Inkosikazi kaDlamini |

(4x1) (4)

3.16 Hlobo luni lomdlalo lolu? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

3.17 Ngokucabanga kwakho lokhu okwenzeka ngosuku lomhlangano woxolo kuyinto ekholekayo nengenzeka yini empilweni yangempela? (2)

3.18 Umbhali uphumelele yini ukuveza indikimba yalo mdlalo wakhe? Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

3.19 Ukuba wena wawunguMbandlwa yiziphi izeluleko ezakhayo owawungazinikeza uDuma? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**[35]**


Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

**UMBUZO 4 :ICALA KALIBOLI – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-G no -H) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA G**

**(Ekuseni kwaMbhele. UMbhele usanda kuphuma ngemoto eyovula ezitolo. Umkakhe uSonto usathi uqoqa izitsha zetiye ebeliphuzwa nguMbhele. Kuvuleke umnyango ngewala, kungene uMthofi.)**

SONTO: *(Ngokwethuka)* Hawu! Mthofi, waze wangethusa! Uqhamukaphi usungena ungangqongqo ...?

MTHOFI: *(Ngolaka)* Uzongibuza ukuthi ngiphumaphi wena doti, awazi yini?

SONTO: Usuphumile yini ejele masinyane kangaka?

MTHOFI: (*Akhiphe isibhamu*) Angizanga ukuzophendula imibuzo engathi shu lapha. *(Ekhangeza*) Imali yami kayihlale esandleni!

SONTO: *(Avule amehlo ngokwesab*a) Uyazi Mthofi, kunengane la endlini njengoba ukhipha isibhamu nje.

MTHOFI: *(Ngokubhuqa*) Sewaze wathola nengane, kukuhambela kahle impela sisi. (*Emkhomba ngesibhamu*) Imali yami la.

SONTO: (*Ephakamise izandla ephefumulela phezulu)* Ungangibulali Mthofi, uzoyithola imali yakho.

MTHOFI: *(Esikhombe ngqo ebusweni bukaSonto isibhamu*.) Ucabanga ukuthi uyazi wena doti! Wawucabanga ukuthi ngizofela ejele yini?

SONTO: Angishongo ukuthi kwakufanele ufele ejele

MTHOFI: Fifteen years ngiboshiwe awukaze uzongibona nakanye.

SONTO: Ngangi ... *(Akhulume uSonto engakaqedi ukukhuluma.)*

MTHOFI: Wathi angibulale umkaMbhele ngoba nje ufuna ukuthi kungene wena emafutheni. Wafa umkaMbhele ngenxa yakho.

SONTO: *(Ngokuthukuthela*) Lowo mfazi nguye owangidelela, kwakumfanele ukufa.

MTHOFI: *(Ehlisa isibhamu*) Pho wawungimpimpelani emaphoyiseni? Angithi wawubalekela ukukhokha imali yami? *(Enikina ikhanda, enxapha*) Nithatha amashansi Sonto

SONTO: *(Ngolakana*) Musa ukungisanganela, angithi nguwe owahluleka ?

MTHOFI: Hheyi, kawuyeke amanga doti! Nguwe owangimpimpa, ngaboshwa mina, wena wasala emafutheni ukubaleka, amaphoyisa akuthola, waboshwa



Akuvumelekile ukukopisha leli phepha 

4.1 Bakuphi laba abakhuluma kulesi siqeshana esingenxa (1)

4.2 Ngokusho kukaMthofi yini okwakufanele yenziwe nguSonto ngesikhathi uMthofi esejele? (1)

4.3 Unasikhundla sini uMaNsibande esontweni? (1)

4.4 Ngokwalesi siqeshana kwakuyisiphi isizathu sikaSonto sokumpimpa uMthofi emaphoyiseni. Bhala izizathu EZIMBILI. (2)

4.5 Tomula umusho esiqeshini okhombisa ukuthi uSonto wayemzonda umaNtuli. (2)

4.6 Le ndawo ekwenzeka kuyo lo mdlalo inomlando wobugebengu. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.7 Kwaba namthelela muni empilweni kaZinhle ukuphuma kukaMthofi ejele. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.8 Shono isigameko esisu sodweshu kulo mdlalo, bese uchaza ukuthi siluthuthukisa kanjani udweshu kulo mdlalo . (2)

4.9 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uZinhle wabe ephila impilo esezingeni eliphezulu ngokomnotho. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI (2)

4.10 Bhala OKUKODWA okuveza uMaNsibande njengomlingiswa owusizo ebandleni. (2)

4.11 USonto wakwazi ukusebenzisa ubuhlakani isikhathi eside bokuthi angasoleki emacaleni ayewenza kulo mdlalo. Fakazela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.12 Ingaphandle le ncwadi (ikhava) linesithombe somuntu obambe imali, lokhu kuhambisana kanjani nesiphetho salo **mdlalo.** (2)



Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

## ISIQESHANA H

| | |
|---|---|
| DLAMINI: | Laba bafana bangena lapha belengise izibhamu ngezandla baphendule umuzi wakho indawo okwenzelwa kuyo ubugebengu bakhahlele izivalo, kubenjeya. |
| MBHELE: | O, usho lowaya mfana owaphuma lapha ephethe isibhamu ngesandla? Hhayi ngambona, wayehamba nje efuna abafana ababethusene naye. |
| DLAMINI: | (*Enikina ikhanda)* Nizodlala amakhosikazi mfana kaMbhele. Yinto akutshele yona leyo, hhayi onobufakazi ngayo *(Evuma ngekhanda*) Ngiyabona, okusho ukuthi njalo abafana uma kuphuma wena, bona bayangena bezofuna abafana ababethusene nabo, bakhahlele izicabha. Inonsense leyo. |
| MBHELE: | Usho ukuthini uma uthi njalo? |
| DLAMINI: | Mina bengidinga imali ukuze ngikwazi ukukhuluma, sengathi wena uzodinga imali ekhokhwayo ukuze ulalele ngoba ngiyasho nje, wena kawungizwa. Ngithi njalo, kwenye inkathi kabili ngosuku. |
| MBHELE: | Awazi ukuthi basuke befunani? |
| DLAMINI: | Sengathi kumayelana nemali. Ngoba ngake ngezwa beyiphatha uma sebebanga lo msindo wabo. Kodwa mfana kaMbhele ngiyasola mina |
| MBHELE: | Usolani? |
| DLAMINI: | Sengathi ukufa kwakho kuseduze lapha. |
| MBHELE: | Kuseduze? Usho ngani? |
| DLAMINI: | Ngisho nje ngoba lo mkakho ubengasaqondakali kulezi zinsuku. |
| MBHELE: | Kungabe kukhona yini aphezu kwakho? |
| DLAMINI: | Kakulula ukuba konke ukuthole noma ukuzwe ngami. Engingakusho nje ukuthi vula izindlebe namehlo. |
| MBHELE: | Kanjani Sibalukhulu? (*Eqalaza)* |
| DLAMINI: | Hamba manje mfana wami. Kwanele lokhu esengikushilo. Kuzoze kuqhamuke umkakho noma laba bafanyana abangapheli kwakho bese ngithola ukulimala. |

4.13 Isiphi isenzo esenziwe uDlamini esimveza njengomlingiswa oyithanda ngokweqile imali. (2)

4.14 Fingqa ngephuzu ELILODWA inkulumo kaDlamini esesiqeshini esingehla. (2)

4.15 UMbhele wayenobudlelwano obuhle nomakhelwane bakhe. Fakazela lo mbono ngephuzu ELILODWA (2)

4.16 Ukuba khona kuka mmeli uNtshangase kwamsiza ngani kuZinhle kulo mdlalo. (2)

4.17 UMbhele ungomunye wabalingiswa abangathembekile kulo mdlalo. Fakazela lo mbono ngephuzu ELILODWA (2)



Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

4.18 Qondanisa **IKHOLOMU A** ne**KHOLOMU B.**

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 4.18.1 UNtshangase | A. Isibongo sikaMfundisi. |
| 4.18.2 UMaNtuli | B. Washonelwa uyise. |
| 4.18.3 uZondo | C. Isigwili sendawo. |
| 4.18.4 UZinhle | D.Ummeli kaMbhele. |
| 4.18.5 UMbhele | E. Wabulawa ngokudutshulwa. |

**(5x1) (5)**
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**


Akuvumelekile ukukopisha leli phepha